

ISIKHATHI SOKUBUYISA AMAFOMU NGEMININGWANE NGENTELA SIQALA MHLA ZINGAMA-21 KUNTULIKAZI KUYA KUMHLA ZINGAMA-20 KUMFUMFU

Tshwane, 18 kuNtulikazi 2025 — UPhiko Lwemalingenisiso Ezoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) lunentokozo ukumemezela ukuthi abakhokhintela abayi-5.8 million bathole i-Auto Assessments kulo nyami, okuyisibalo esinyukile sisukela ku-5 million kowezi-2024. Okusemqoka kakhulu, u-99.6% wama-Auto Assessment enziwe kuze kube manje abakhokhintela abawashintshanga. Okunye okuhlaba umxhwele ukuthi izimali ezibuyayo ezingu-R10.6 billion ezibuyele abakhokhintela sezikhokhiwe emahoreni angama-27.

NgokuHlolwa Okuzenzekelayo, uSARS usebenzisa imininingo ayithola kubahlinzeki abangabantu besithathu ukuhlola abakhokhintela. Ngokuhambisana nesifiso sethu sokuthi "ukukhokha intela kube yinto evela izenzekele", abakhokhintela akudingeki benze lutho uma bethole ukuhlolwa okuzenzekelayo. Abakhokhintela abambalwa kungase badinge ukuba balungise amafomu eminingwane ngentela ngezinguquko uma kukhona ulwazi olusilele uSARS angenalo, lokhu kungenziwa kusetshenziswa i-eFiling noma i-SARS Mobi App.

Uhambo lokwakha uSARS Onobuhlakani, Wesimanje, osebenzisa ubuhlakani mbumbulu, ukufunda komshini, nesayensi yemininingo seluyakhanya. Bangaphezulu kuka-2.1 million abakhokhintela asebenxhumane noSARS besebenzisa le migudu yedijithali. Kulokhu, 1.1 million wokuxhumana kwenzeke ku-SARS *Online Query System*, okuyi-707 000 ku-WhatsApp, nokuyi-290 000 kuLwazi Chat Bot. Ngokwenza kube lula ukuxhumana noSARS ngokusebenzisa i-eFiling noma i-SARS Mobi App, bangaphezulu kuka-10.2 million wabasebenzisi abahlukile bangena ngempumelelo kusukela mhla zi-4 kuNtulikazi.

Ukuphothulwa ngempumelelo kwesikhathi se-Auto Assessment, esaqala kusukela mhla zi-7 kuya kumhla zingama-20 kuNtulikazi 2025, sizolandelwa isikhathi sokubuyiswa kwamafomu eminingwane ngentela kusetshenziswa i-eFiling ne-SARS MobiApp kubakhokhintela ngabanye kusukela ngoMsombuluko, mhla zingama-**21 kuNtulikazi kuya kumhla zingama-20 kuMfumfu 2025. Abakhokhintela besikhashana nabo** bangabuyisa awabo amafomu kusukela mhla zingama-**21 kuNtulikazi 2025 - mhla zi-19 Masingana 2026**. Abaningi balabo abathumela amafomu eminingwane ngentela ku-inthanethi, umphumela wokuhlolwa ukhishwa ngaphansi kwemizuzwana emi-5 uma konke kume ngomumo. Lolu sizo oluhamba phambili lwenziwa kube kulawulwa ubungozi bezimali ezibuyayo ezingavunyelwe noma zokukhwabanisa ngokufunda komshini nezinhlalo ze-AI.

Ukugwema izinhlawulo, abakhokhintela kumele bathumele ulwazi oluqondile ngokushesha. Ukuze Isikhathi Sokubuyiswa Kwamafomu Emininingwane Ngentela kowezi-2025 sibe lula, abakhokhintela bayanxuswa ukuba basebenzise le migudu yokuxhumana noSARS elandelayo:

- **Isizindalwazi sakwaSARS:** visit www.sars.gov.za bese ucofa ikinobho elithi "Individuals".
- **SARS Online Query System (SOQS):** <https://tools.sars.gov.za/soqs>.
- **SARS WhatsApp:** thumela "Hi" noma "Hello" kule nombolo 0800 117 277.

- **Umsizi wazikhathi zonke wobuhlakanimbumbulu:** itholakala 24/7 kusizindalwazi sakwaSARS ukuphendula imibuzo yakho.
- **Shayela *134*7277#:** ukuthola usizo lwakwaSARS.
- **SARS YouTube:** vakashela @sarstax ukuthola amavidiyo endlela yokwenza.

Abakhokhintela basebenzisa imigudu yedijithali yakwaSARS ngempumelelo. **Asikho isidingo sokuya eziKhungweni Zosizo zakwaSARS. Uma kufanele, qala ngokubeka usuku ukuze ugweme imigqa emide.**

Abakhokhintela abakweleta uSARS wayanxuswa ukuba bakhokhe ngokushesha noma benze izinhlelo zokukhokha. Imali ebuyayo engaphezulu kuka-R100 okumele ize kubakhokhintela kuphela ezokhokhwa kuma-akhawunti asemabhange abo ngokuzenzekelayo emahoreni angama-72 uma ukuhlolwa sekuphuthuliwe.

USARS unxusa abakhokhintela ukuba bahlale beqaphile futhi bagcine imininingwane yabo iyimfihlo. Amaqola asezame kaningi ukuqola abakhokhintela. Abakhokhintela bayakhunjuzwa ukuthi uSARS asoze wacela ukuba abakhokhintela basebenzise ikhonco lokuxhumanisa. Abakhokhintela kumele bavikele imininingwane yabo yokungena ku-eFiling futhi basebenzise izisebenzi zentela ezibhalisiwe.

Ulwazi mayelana nezindlela zokuqolwa zakamuva lungatholakala kusizindalwazi sakwaSARS: www.sars.gov.za. Ukubika noma ukucela ulwazi ngokuqolwa nge-inthanethi, abakhokhintela bangathumela i-imeyili kuleli kheli phishing@sars.gov.za.

U-Edward Kieswetter, uKhomishana wakwaSARS, uzwakalise ukweneliseka ngokuthi Ukuhlolwa Ngokuzenzekelayo kuguqule izinto ekwenzeni kube lula kubakhokhintela ukuba bathobele imigomo yentela. Uthe “USARS usebenza kanzima ukunika abakhokhintela usizo oluhamba phambili, lapho “okwentela kuvele kuzenzekele”. Uqaphele ukuthi ukwenziwa ngcono kwezinkundla zakwaSARS zedijithali kongela abakhokhintela isikhathi futhi kuqeda isidingo sokuya Ezikhungweni Zosizo zakwaSARS. “Ekugcineni, inhloso yethu ukuqeda isidingo sokusiza ngoba yiyona ndlela yokwenelisa ikhasimende. Njengoba siqala Isikhathi Sokubuyisa Amafomu Emininingwane Ngentela kulabo abangazange bahlolwe ngokuzenzekelayo, kusukela mhla zingama-21 kuNtulikazi, Ngikhuthaza abakhokhintela ukuba basebenzise imigudu yedijithali kunokuza kolayini Ezikhungweni Zosizo”.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za.

IYAPHELA